



Ref No: KZN 30/5/1/1/2/10747 PR

Ofaka Isicelo:
Imvukuzane Resources (Pty) Ltd
P.O. Box 653749
Benmore
2010
Ucingo: 011 783 7996
Ifeksi: 011 783 0816

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

21 May 2018

Kulowo eqondene naye

IPHATHELENE NESAZISO SOKUFAKWA KWESICELO SOKUGUNYAZWA KWEZEMVELO ESIFAKWA NGOKUVUMELANA NESIGABA 24 SOMTHETHO KAZWELONKE WOKUPHATHWA KWEMVELO, KA-1998 (UMTHETHO 107 KA-1998 WE-NEMA) OFUNDWA KWANYE NOMTHETHO OLAWULAYO KA-19 OLAWULA UKUCHAPHAZELEKA KWEMVELO, KA-2014 (OWACHIBIYELWA NGO-APRIL 2017) MAQONDANA NELUNGELO LOKUHLOLA OKUMBIWA PHANSI NEMINYE IMISEBENZI YENGQALASISINDA EHLOBENE NALOKHU ENDAWENI YASEFULENI RESERVE 14375 GU, INGXYENYE 0. UHLU LWEMISEBENZI EZOKWENZIWA NGENXA YALESI SICELO NGOKUVUMELANA NE-MPRDA, KA-2002, (EYACHIBIYELWA)

Imvukuzane Resources (Pty) Ltd (“Ofaka isicelo”) yafaka isicelo selungelo lokuhlola ukutholakala kwamalahle, itiyela elisamalahle, namalahle okuthiwa yi-*torbanite*, ubumga kanye nokhethe lwamatshe eNgxenyeni 0 yeFuleni Reserve 14375 GU, kuMagisterial District Empangeni, eSifundazweni saKwaZulu-Natali.

INCAZELO NGENDAWO

Indawo okuhlongozwa ukuba ihlolwe engamahektare angu-14 717 isebangeni elingaba amakhilomitha angu-23 enyakatho yeMpangeni, ibe amakhilomitha angu-30 enyakatho-ntshonalanga yeRichards Bay, eNgxenyeni 0 yeFuleni Reserve 14375 GU. Ilabazwe leGPS lendawo ehlongozwayo limi ngale ndlela:

INOMBOLO	DEGREES, MINUTES, SECONDS		DECIMAL DEGREES	
	LAT (S)	LONG (E)	LAT (S)	LONG (E)
0	28°25'38.65"	31°50'08.80"	-28.427404°	31.835778°
1	28°26'44.53"	31°51'49.19"	-28.445704°	31.863664°
2	28°27'01.83"	31°51'35.97"	-28.450507°	31.859992°
3	28°27'21.95"	31°51'45.62"	-28.456097°	31.862673°
4	28°29'38.38"	31°50'25.40"	-28.493995°	31.840389°
5	28°34'16.10"	31°53'49.45"	-28.571140°	31.897070°
6	28°29'07.61"	31°55'20.58"	-28.485447°	31.922382°
7	28°26'46.07"	31°57'17.07"	-28.446131°	31.954742°
8	28°24'32.24"	32°00'55.51"	-28.408955°	32.015419°
9	28°23'02.41"	31°59'23.03"	-28.384003°	31.989731°
10	28°22'54.61"	32°01'32.01"	-28.381836°	32.025558°

the goal isn't to live forever, it is to protect a planet that will

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

11	28°21'39.81"	32°00'49.70"	-28.361057°	32.013805°
12	28°20'59.28"	31°58'53.96"	-28.349800°	31.981655°
13	28°24'20.75"	31°57'45.62"	-28.405764°	31.962671°

UKUTHOBELA UMTHETHO

Umfaki-sicela wathumela isicelo sokuhlola ukutholakala kwezinto ezimbiwa phansi kusetshenziswa amasampula ambalwa ngokuvumelana neSigaba 16, esihambisana neSiqondiso 7(1), soMthetho Wokuthuthukisa Kwamaminerali Namandla Ambiswa Phansi, ka-2002 (Act No 28 ka-2002) eMnyangweni Wezokumbiwa Phansi ngomhlaka-26 April 2018.

Umsebenzi ohlongozwayo uzobangela ukuba kwenziwe izinto ezilandelayo ngokuvumelana noMthetho Kazwelonke Wezemvelo, ka-1998 (Act 107 ka-1998) kanye Nomthetho Olawula Ukuchaphazeleka Kwemvelo, ka-2014 (owachibiyelwa ngo-2017) futhi ngenxa yalokho kudingeka inqubo yokuhlola eyisisekelo ukuze kutholakale ukugunyazwa kwezemvelo:

📌 GNR 327 Ukukhishwa Kwesaziso Somthetho Ohlola Ukuchaphazeleka Kwemvelo, iSaziso 1 sika-2017 uMsebenzi 20:

Noma yimuphi umsebenzi kuhlanganise ukuqhutshwa kwalowo msebenzi okudinga ilungelo lokuhlola okumbiwa phansi ngokwesigaba 16 soMthetho Wokuthuthukiswa Kwezinto Ezimbiwa Phansi Nemithombo Yamandla, ka-2002 (Act No 28 ka-2002), kubandakanya a) izingqalasizinda ezihlobene nalokhu, izakhiwo kanye nemisebenzi yokumba, okuhlobene ngokuqondile nokuhlolwa kwezinto ezimbiwa phansi; noma b) ukumbiwa kwalawo maminerali kuhlanganise ukuwathola, ukuwamba, ukuwahlukanisa, ukuwangqwabelanisa, ukuwagaya, ukuhlunga noma ukuhlanza.

📌 GNR 324 Ukukhishwa Kwesaziso Somthetho Ohlola Ukuchaphazeleka Kwemvelo, iSaziso 3 sika-2017 uMsebenzi 12:

Ukugawulwa kwezihlahla zemvelo nokususwa kwezinye izimila endaweni amamitha sikwele angu-300 noma ngaphezulu d) KwaZulu-Natal i) Izindawo ebekade sivikelwe ngaphansi kwesivumelwano somhlaba; ii) Izindawo Zomphakathi Zokulondolozwa Kwemvelo; iii) uHlelo Lokulondwa Kokwehlukahluka Kwemvelo ezindaweni zeziVumelwano Zemvelo; iv) Phakathi nemvelo esesimweni esibucayi noma esongelwayo esohlwini ngaphansi kwesigaba 52 se-NEMBA noma ngaphambi kokushicilelwa kwalolo hlu, endaweni eye yaphawulwa njengesesimweni esibucayi ekuHlolweni Kukazwelonke Kokwehlukahluka Kwemvelo kuka-2004; v) Izindawo imvelo esengcupheni kuzo eziphawulwe uhlelo lwezemvelo lokhu kwenziwa yiziphathimandla ezifanele noma izinhlelo zesifunda zemvelo; vii) Endaweni, okwathi lapho kuqala ukusebenza kwalesi Saziso noma ngemva kwalokho, leyo ndawo yase iphawulwe njengevulekile kakade, eyokulondolozwa kwemvelo noma ukuphawulwa

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

okufanayo; viii) Indawo evikelwe ngokuvumelana neNEMPAA, ngaphandle kwezokulondolozwa kwemvelo; ix) Izindawo Zamagugu Esizwe; x) Izindawo noma iziza eziphawulwe esivumelwaneni somhlaba; xi) Izindawo eziphawulelwe ukulondolozwa kwemvelo kuma-Spatial Development Frameworks ezivunywwe yisiphathimandla esifanele noma ezibekelwe eceleni ngenjongo yokulondolozwa kwemvelo; xii) Izindawo ezibucayi njengoba ziphawulwe kwezokuphathwa kwemvelo okuvezwe kusahluko 5 soMthetho nanjengoba zivunywwe yisiphathimandla esifanele.

INCAZELO YOMSEBENZI

IMISEBENZI ENGASABALALI:

Imisebenzi engasabalali ehlobene nomsebenzi ohlongozwayo ihlanganisa lena elandelayo:

Ucwaningo Olwenziwa Ngekhompyutha:

Ucwaningo lwekhompyutha luzohlela ukufinyelela lonke ulwazi olutholakalela umphakathi kwezesimo semvelo, ukutholakala kokumbiwa phansi kanye nokuma kwendawo okufakwa isicelo sokuba ihlolwe, kanye nalo lonke ulwazi lwemisebenzi eke yenziwa esikhathini esidlule okubalwa kuyo i-geophysics, i-geochemistry, ukwakhiwa kwezithombe ezibonisa indawo, ukubhora ngemishini kanye nokumbiwa kwezinto ezitholakala phansi. Noma iyiphi incwadi etholakele izohlolwa, iqoqwe bese igcinwa ukuze isetshenziswe kamuva.

Ulwazi Oluqoqiwe Lwendawo:

Ulwazi oluphathelene nendawo luzoqoqiwe lugcinwe ohlelweni lweGIS ukuze lutholakale, luhlotshaniswe futhi luhlaziye. Uhlelo lweGIS luzosetshenziswa futhi lulondolozwe phakathi nesikhathi somsebenzi wokuhlola ohambisana nokutholakala kwelungelo lokumba bese lufakwa ulwazi lwamuva njalo lapho selutholakala.

Ukuhlola Izwe:

Lonke ulwazi ngendawo olufinyelelwe nokuqoqiwe luzovunyelaniswa kusetshenziswa i-WGS84 datum.

Amasensa Akude:

Njengengxenye yokuhlola kokuqala, izithombe ezizobe zihloselwe ukubukwa umphakathi ezithathwe ngaphezulu emkhathini zizotholakala bese zibhalwa ukuthi zibonisa yiphi indawo ngemva kwalokho kudwetshwe izakhiwo ukuze lokhu kusize okuphawuleni izindawo ezidingekayo ezingabonakali kalula uma uphansi kanye nokuba kutholakala incazelo ezimele yesimo sokwakheka kwendawo. Kuzotholakala nezithombe zeSathelayithi ukuze indawo efunwayo ibonakale kahle ngokwesifunda. Njengasekuqaleni, kuzonikezwa incazelo yesimo sendawo nokwakheka kwayo kulezi zithombe ukuze kutholakale umbono wesifunda wezindawo ezihlosiwe. Izithombe zeSathelayithi zisetshenziselwa ukuxhasa izithombe ezithathwe emkhathini ukuze lokhu kube

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

yinhlanganisela emibalala ezosetshenziselwa ukubonisa izinto ezinjengokwakheka kwamatshe, izinhlobo zezimila, uhlobo lenhlabathi, ukungefani kwezinhlobo zezinto ezimbiwa phansi, nokunye.

■ Kudingeka kwenziwe ukuhlolwa kokwakheka kwendawo

Ukuhlolwa kwendawo okwenziwa usemoyeni nokwenziwa kuhanjwa phansi kuzokwenziwa kule ndawo ehlongozwayo, kuye ngemiphumela yocwaningo kwekhompyutha. Kungase kwenziwe ukuhlolwa kwendawo kwasemoyeni kusetshenziswa i-magnetic/radiometric endaweni okuhlongozwa ukuba kuhlolwe kuyo ukutholakala kokumbiwa phansi nasezindaweni ezakhelene nayo ukuze kwenziwe ibalazwe lezakhiwo nokuma kwendawo. Kuzobe sekulandela ukuhlolwa kwendawo okwenziwa phansi ezindaweni ezingase zichaphazeleke ezithathwe olwazini oluqoqiwe lokuma kwendawo nokwakheka kwayo. Lokhu kuhlola kungahlanganisa amandla adonsela phansi, amandla kazibuthe (electromagnetic), yi-IP kanye nokuhlolwa komsindo okulawuliwe [controlled source audio magnetotellurics (CSAMT)].

IMISEBENZI ETHINTA INDAWO NGOKUQONDILE:

Imisebeni ethinta indawo ngokuthe ngqo ehlobene nomsebenzi ohlongozwayo ihlanganisa lokhu okulandelayo:

■ Ukubhora Ngemishini Yokudrila:

Indawo okuzombiwa kuyo kusetshenziswa imishini yokudrila izonqunywa umphumela womsebenzi wokuma kwendawo nokwakheka kwayo owenziwe eSigabeni 1 sohlelo lokuhlolwa kwendawo. Sizothatha ngokuthi imigodi ezogujwa izoqhelelana ngamamitha angama-350 (ngokuvumelana nesiyalezo seSAMREC) futhi ngeke kumbiwe imigodi emibili ngesikhathi esifanayo. Imigodi yokuqala izombiwa endaweni okuhlolwa kuyo okumbiwa phansi eyingxenywe yenqubo yokufakwa kwesicelo. Isiyonke imigodi ezombiwa ngemishini yokubhora izoba ama-275. Yonke imigodi ezombiwa izogunyazwa umphathi wethimba lezemvelo ngaphambi kokuba yenziwe. Uhlelo lokuphathwa kwezemvelo oluhlobene nalo msebenzi luzocabangela ukuba bucayi kwesimo sendawo bese lweluleka ngezindawo okungambiwa kuzo le migodi. Lapho sekwenziwe umsebenzi wokuhlola oyikota, kuzobe sekunezindawo ezicacile ezibonakele okuzodingeka zihlolwe ngedayimane, ukuhlehliswa noma idrili eshaywayo. Kucatshangwa ukuthi kuzosetshenziswa imishini yokudrila iHQ (63.5 mm) kanye neNQ (47.63 mm) ukuze kumbiwe kulezi zindawo. Kulindeleke ukuba le migodi ezombiwa ibe ngamamitha aphakathi kwangama-25 kuya kwayi-125 kodwa ngokuyinhloko eminingi ingase ibe amamitha angama-70. Okutholakale maphakathi kuzothathwa kubhalwe, kusikwe bese kuba yisampula endaweni eseduze nalapho kuhlolwa khona. Amasampula azogaywa, enziwe impuquphuqu bese ehlaziywa e-laboratory ehlonishwayo ukuze kubonakele izinga lamalahle.

IMISEBENZI EYINHLOKO YOKUHLOLA:

■ Ukumiswa kwendawo ezombiwa:

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

Kuzomiswa indawo okuzombiwa kuyo engama amamitha sikwele angama-400 ezodinga ukuba:

- Kususwe izimila endaweni okuzoma kuyo umshini wokudrila kanye nalapho kuzongena khona ibhora;
- Umshini wokulondolozwa kwamanzi;
- Indawo okuzobekwa kuyo amabhora, udizili kanye namakhemikhali;
- Izindlu zangasese zamakhemikhali.

Ukudrila nokukhishwa kwalokho okuphakathi

Ukumba umgodi ongaba amamitha ayi-110 ububanzi bese kukhishwa amadwala. Kuzophothulwa inani lemigodi lapho nje imisebenzi yokuhlola engachaphazeli indawo isiphothiwe.

Ukuvalwa kwemigodi embiwe:

Kuzoba imithi sikwele elilodwa umgodi ngamunye (1m²). Inani lemigodi ngeke lidlule kwengama-275.

Ukuvuselelwa kwendawo embiwe.

UCWANINGO LWALOKHO OKUNGASE KWENZIWE:

Ngemva kokwenziwa kwemisebenzi echaphazela indawo kanye nokuhlaziywa kwase-*laboratory*, kuzokwenziwa imisebenzi elandelayo phakathi nocwaningo lwalokho okungase kwenziwe:

- Ukwenziwa Komfanekiso wendawo kusetshenziswa uhlelo lwekhompyutha olufanele ukuze kwenziwe amapulani ahlanganisa yonke imingcele yekhwalithi kanye nokujula nobubanzi balokho okutholakala ngaphansi komhlaba;
- Ukulinganisa indlela yokuqala yokumba imayini kanye nezindleko ezikha phezulu nesimo sezimali;
- Ucwaningo lokuqala lwezimakethe ukuze kubonakale ukuthi intengo ingabekwa kuliphi inani nokuthi umkhiqizo udingeka kangakanani;
- Uhlelo lokuxhasa ngokwezimali.

IMIZILA YOKUNGENA:

- Kuzosetshenziswa imigwaqo nemizila yefamu ekhona njengamanje ngezinga okungenzeka ngalo lokhu. Akubonakali sengathi kuzokwakhiwa eminye imigwaqo okwamanje.

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

INCAZELO YENDAWO EFINGQIWE

UKUBONAKALA KWAYO:

- Indawo okuhlongozwa ukuba ihlolwe okumbiwa phansi isemaphandleni ngokwengxenywe inendawo esetshenziselwa ezolimo bese kuba yindawo yomphakathi.
- Njengoba kuke kwaphawulwa ekuqaleni, ukumbiwa kwemigodi ngeke kudule kwemibili (400 m²/holes) ngesikhathi, futhi izindawo okuzombiwa kuzo zizolokhu zimiswa njengoba umsebenzi uqhubeka. Ngenxa yalokho, imisebenzi echaphazela indawo ehlobene nomsebenzi wokuhlola izobuthinta ubuhle nokubukeka kwendawo ehlolwayo endaweni okuzobe kumbiwa kuyo. Nokho, ngenxa yohlobo lomsebenzi ozokwenziwa ukuchaphazeleka kwendawo ngeke kuphawuleke kangako.
- Ukuze kudanjiswe umonakalo ekubukekeni kwendawo, ofake isicelo uzoqikelela ukuthi zonke izinto zihlelwe ngononina endaweni ukuze ihlale icocekile.

IZINGQALASIZINDA EZIKHONA:

- Izingqalasizinda ezikhona manje, njengezindlu, izintambo zikagesi, imigwaqo onkanye endaweni okuhlongozwa ukuba kusetshenzwe kuyo zizocatshangelwa futhi ngeke kube nandawo ezobhorwa ezodinga ukuba kubhidlizwe/kususwe izingqalasizinda ezikhona.
- Ngaphezu kwalokho esesikubalile, ofake isicelo uzoqikelela ukuthi indawo okumbiwa kuyo ayedluleli ngale kwemingcele eyindawo engamamitha sikwele angama-400 m².

IZIMILA:

- Indawo enkulu kulena ehlolwayo inezimila zemvelo zaseZululand Lowveld, -Sourveld, kanye -nezimila zasogwini.
- Izindawo okuzombiwa kuzo zizodinga ukuba kususwe izimila ezimbalwa zemvelo endaweni ngayinye.
- Ukuhlolwa kokuchaphazeleka kwemvelo kuzohlola ukutholakala kwezimila ezibucayi endaweni ohlongozwayo, kukhishwe izeluleko mayelana nalapho kungafakwa khona imishini yokubhora ukuze kuncishishwe umsebenzi ungaphazamisi kakhulu imvelo.

AMANZI APHEZULU NANGAPHANSI KOMHLABA:

- Njengoba kunjalo ngokuba khona kwezimila, ukuhlolwa kokuchaphazeleka kwemvelo kuzobheka nemithombo yamanzi ezindaweni ezingaphansi kwendawo ehlongozwayo, kuyalezwe lapho kungafanele kuthintwe khona phakathi nawo wonke umsebenzi wesigaba sokuhlola.

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

IZINDAWO ZEMIVUBUKULO NAMAGUGU AMASIKO

- Uchwepheshe wamagugu esizwe uzohlola ukuchaphazeleka kwamagugu esizwe endaweni engaphansi kwaleyo ehlongozwayo ukuze abone ukuthi zikhona yini izindawo zemivubukulo nezamasiko ezibalulekile ukuze zilondolozwe phakathi nesigaba sokwenziwa komsebenzi.

IZILWANE ZENDAWO:

- Izilwane zasendle ngeke zilinyazwe ukuhlola okuzobe kwenziwa ngoba zizokwazi ukusuka endleelni noma zihambe kuyo, ngaphandle kokulimala.

UKUVUSELELWA KWENDAWO

- Ukuvuselelewa ngokuqhubekayo kuzolandela ngemva kokuba indawo ngayinye isigujiwe kusetshenziswa umshini wokudrila phakathi nomsebenzi.
- Ngemva kokuba konke ukuvuselelwa kwendawo sekwenziwe, zonke izingqalasizinda, amathuluzi nezinye izinto ezisetshenziswe ngesikhathi sokuhlola zizokuswa endaweni obekuhlolwa kuyo ukutholakala kokumbiwa phansi (ingxenye 44 yeMPRDA).
- Imfucuzo yanoma yiluphi uhlobo, kuhlanganise izinto zokuphatha, izikarabhu, udoti namathayi, kuzokuswa ngokuphelele endaweni okuhlolwa kuyo bese kulahlwa endaweni yokulahla udoti esemthethweni. Ngeke kuvumeleke ukuba kugqitshwe noma kushiselwe endaweni yomsebenzi.
- Uhlelo lokuphatha kwemvelo oluzogunyazelwa lo msebenzi luzobalula imigomo yokuvuselela ezokwenziwa ngesikhathi umsebenzi usaqhubeka kanye nangemva kokuphuthula lapho isivalwa indawo okufunwa kuyo kokumbiwa phansi. Ukuvuselela kokugcina kuzophothulwa phakathi nesikhathi esibekwe yiMenenja yeSifunda.

UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI

Leli phepha lihloselwe ukukwazisa ngomsebenzi ohlongozwayo nokuthola ukuthi kukhona yini ukukhathazeka noma ukumelana okuthile nawo okuvela kwabathintekayo nabachaphazelekayo (I&AP's) okudingeka kucatshangelwe.

Njengomuntu othintekayo nochaphazelekayo ucelwa ngomusa ukuba ugcwalise ifomu lokuphawula futhi unikeze noma yikuphi ukuphawula noma ukukhathazeka noma uvo ngokuqondene nokusetshenziswa kwalo mhlaba njengamanje, imvelo kanye nezimo zenhlalo nezomnotho onomuzwa wokuthi zizothinteka ngenxa yalo msebenzi ohlongozwayo. Lapho uthumela impendulo yakho sicela unikeze ukusikisela ukuze kuncishiswe igalelo lomsebenzi ngamunye ozobe uwuphawulile.

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

Ucelwa ukuba uthintane noChristine Fouche usebenzisa imininingwane yokuxhumana esesethulweni sencwadi noma leli kheli le e-email christine.f@greenmined.co.za nganoma iyiphi indlela uma udinga ulwazi olwengeziwe, kukhona okukukhathazayo noma unokuphawula okuthile odinga kucatshangelwe noma uma ufuna ukubhalisa njengomuntu othintekayo noma ochaphazelekayo futhi ufuna ukuthola ikhophi yoMbiko Wokuhlolwa Okuyisisekelo [Basic Assessment Report (DBAR)] engakedluli u-22 June 2018. Uma singatholi kuphawula okuvela kuwe phakathi nezinsuku ezingama-30 siphumile lesi sazi, kuzothathwa ngokuthi awumelene futhi awunakuphawula ofisa ukudlulisela ngalo msebenzi.

Kuzovulwa ibhuku lokubhaliswa kwabathintekayo nabachaphazelekayo (I&AP's) elizolondolozwa eliqukethe amagama, imininingwane yokuxhumana kanye namakheli abo bonke abantu abathumele ukuphawula kwabo okubhaliwe, abebekhona emihlanganweni noma ababhalile bacela ukuba babhaliswe nazo zonke izinhloko zikahulumeni ezinegunya ngokuqondene nalo msebenzi. Sicela uphawule ukuthi ama-I&AP kanye nababambiqhaza ababhalisiwe kuphela abazoba nelungelo lokuphawula ngemibiko namapulani azothunyelwa eMnyangweni kuye ngokuthi labo bantu bayalinikeza igama labo, imininingwane yokuxhumana, ikheli nokuba badalule uhlobo lwebhizinisi, izimo zezimali, ezomuntu noma okunye abathinteka ngakho okungenza bavume noma benqabe isicelo.

I-DBAR izothunyelwa eMnyango Wezamadla Ambiwa Phansi – KZN (DMR) njengoba yokuhlolisiswa. Lo mbiko uzotholwa nangama-I&AP abhalisiwe kanye nababambiqhaza izinsuku ezingaba ama-30 zokubukeza. Ikhophi yekhompyutha yombiko ingatholakala uma icelwa kwaGreenmined Environmental. Ngemva kokuba sesidlulile isikhathi sokuphawula iDBAR izothuthukiswa ukuze ifake ukuphawula okutholakele phakathi nesikhathi sokuphawula komphakathi ngemva kwalokho kuyobe sekuthunyelwa uMbiko Wokuhlola Okuyisisekelo kanye noHlelo Lokuphathwa Kwemvelo (Basic Assessment Report & Environmental Management Programme) kwaDMR ukuze ucatshangelwe njengengxenye yenqubo yokugunyaza ngokuvumelana neziqondiso zeNEMA. Kuzotholakala ikhophi yokucina yeBAR uma icelwa. Wonke ama-I&AP kanye nezinhlangano ezithintekayo zizokwaziswa ngokubhalelwa zingakapheli izinsuku eziyi-14 kusukela osukwini okwenziwe ngalo isinqumo mayelana nomphumela wesicelo, kuhlanguke nezizathu zesinqumo nelungelo lokufaka isikhalo.

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

IMINININGWANE YOKUXHUMANA

Igama	
Inhlangano	
Isithakaselelo	
Ikheli leposi	
Ucingo	
Ifeksi	
Ikheli le e-mail	

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

UKUPHAWULA

Angimele nako:	
Ngicela ulwazi oluthe xaxa:	
Ukukhathazeka:	

Sayina: _____

IPHEPHA LOLWAZI LOMSUKA WENDABA

Zikhona yini ezinye izinhlangotho noma abantu abathile onomuzwa wokuthi kufanlee bamenywe ukuba baphawule? Uma kunjalo, sicela usinikeze imininingwane yokuxhumana nabo:

Igama lomuntu:
Inhlangotho (uma ikhona):
Ikheli:
Ucingo:
Ifeksi
Ikheli le e-mail

Ukuphawula kwakho kwaziswa kakhulu futhi kuyosingathwa ngendlela efanele.

Izilokotho ezinhle



.....
Christine Fouche
Greenmined Environmental